



SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 185 • February 2016

Eka Ndunankulu ikhombise ubunye esiFundazweni



UNDUNANKULU waKwaZulu-Natal UMnu Senzo Mchunu ngesikhathi efika eRoyal Show grounds eMgungundlovu lapho ebezokwethula inkulomo ngesimo sesiFundazwe. UMacingwane ufile ehambisana noSomlomo wesiShayamthetho KwaZulu-Natali uNks Lydia Johnson, UNggongqoshe weZokuthutha ukuPhepha nokuXhumanisa umphakathi KwaZulu-Natal uMnu. Willies Mchunu, uNks Thembeka Mchunu kanye nesekela lisomlomo kwisiShayamthetho uMnu. Meshack Radebe. **Isithombe: ZANDILE SHANGE**

Izinselelo ezibhekene nezwe lonke kanye nesiFundazwe sakwaZulu-Natal kumele sonke sibhukule sibhekane nazo sihlangene, futhi nginethemba lokuthi singakwenza lokhu. Kuzomele isizwe sonke sibambisane futhi siqonde ukuthi indlela eya kwimpumelelo idinga amacelo amasha. **Bheka udaba ekhasini 3**



SilwisananeSifo seNgculazi neZifo zoCansi

21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE
DURBAN ICC 18-22 JULY 2016

This Is Your Life **Live It**
Access Equity Rights Now



OKUNGAPHAKATHI



MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushiclelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelzo zaHulumeni wesifundazwe.

Ishicilelwu kabi ngenyanga.

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwu esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana nehhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 nomathami.ngwenya@kznpremier.gov.za.

Ithimba elihlanganise iphephandaba:

Umhleli omkhulu: Thamsanqa Ngwenya

Umhleli wezindaba:

Umhleli wamakhasi: Bonga Khoza


Abezithombe:

Zandile Shange no Yolanda Zondi

© KZN Provincial Government



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI



INKULUMO KANDUNANKULU IKHOMBISE UBUNYE KUZINHLAKA ZONKE ZIKAHULUMENI WESIFUNDAZWE

IKHASI 3

Inkulumo kaNdunankulu uSenzo Mchunu ibidle ngokuqina futhi ikhombisa ukusebenza ngokubambisana kweminyango yonke kaHulumeni. Ukwethulwa kwalenkulomo bekuhanjelwe yizindimbane zabantu abavela kuyo yonke imikhakha yempilo namhlanje eRoyal Show Growndz eMgungundlovu.

OWEZEMPILO NEZINHLELO ZOKUNQANDA iHIV ne-AIDS ENTSHENI

IKHASI 6

UNggongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal UDkt. Sibongiseni Dhloomo usencome iqhaza elibanjwe wumkhandlu wabafundi e-Mangosuthu University of Technology ngokuvala uphuza oludakayo esikhungweni.

UMCHUNU WETHULE UHLELO LWEBHULUHO ELIXHUMANISA UMSINGA NENKANDLA

IKHASI 8

Kuzonciphia ngamahora amabili ukusuka eMsinga kuya eNkandla kulandela ukumenyezelwa kwezinhlelo zokwakhiwa kwebhulohlo lezimoto elizonqamula phezu komfula uThukela.

UMNYANGO WEZOLIMO UKHUTHAZA UKONGIWA KWAMANZI NOKOMISWA KWEMIKHIQIZO YOKUDLA

IKHASI 11

UMphakathi waKwaZulu-Natali osezindaweni ezihlaselwe isomiso uyanxuswa ukuba usebenzise amanzi ngokucophelela uphinde usebenzise amaqhingga okomisa umkhiqizo wokudla okutshalile ukuze kubalonde isikhathhi eside.

ISIFANAKALO SIPHEHLA ULIMI LWEBELE LUBE YIMFEKETHO EZINGANENI ZETHU

IKHASI 13

UNggongqoshe Wezobuciko Namasko KwaZulu-Natali uNkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha usedonse ngendlebe isikole samabanga aphansi i-Greytown Primary eMdlovane maphakathi nalesisifundazwe ukuthi singalinge sifundise izingane ulimi lwebele ngesifanakalo.





INKULUMO KANDUNANKULU IKHOMBISE UBUNYE KUZINHLAKA ZONKE ZIKAHULUMENI WESIFUNDAZWE

IsiFundazwe sonkana sibhekwe inselelo yokuntenga komnotho kanye nesomiso esingaziwa selokhu kwaqala intando yeningi kuleli.

SIBUSISO MAGWAZA

nkulomo kaNdunankulu uSenzo Mchunu ibidle ngokuqina futhi ikhombisa ukusebenza ngokubambisana kweminyango yonke kaHulumeni.

Ukwethulwa kwalenkulomo bekuhanjelwe yizindimbane zabantu abavela kuyo yonke imikhakha yempilo namhlanje eRoyal Show Growndz eMgungundlovu.

Lena bekuyinkulomo yesine yenziwa okaMacingwane eyibhekise kubantu bakwaZulu-Natal selokhu akhethwa ukuthi ahole lesifundazwe.

Ukuhanjelwa yilovo owake waba ngenDunankulu wokuqala kulesifundazwe uDokotela uMdalose, iSekela jaji mongameli KwaZulu-Natal umahuleli uMnguni, amakhosi kanye namanxusa akwamanye amazwe kukhombise uzinzo nobumbano nokuxhumana okuhle nezinhlaka ezibalulekile emphakathini.

Lokhu kubuye kwakhombisa ukuxhumana okuhle phakathi kukaHulumeni wesifundazwe kanye noHulumeni omkhulu njengoba uNdunankulu ethathise kakhu kuwinkulomo eyenziwe nguMongameli uZuma kanye noNgqongqoshe wezimali uPravin Gordhan. Eqala inkulomo yakhe ebihanjelwe nayiSilo, uNdunankulu uthe izinselelo ezibhekene nezwe lonke kanye nesifundazwe sakwaZulu-Natal kumele sonke sibhukule sibhekane nazo sihlangene, futhi uthe unethembala lokuthi singakwenza lokhu. Uqhube wathi isifundazwe sonkana sibhekwe inselelo yokuntenga komnotho kanye nesomiso esingaziwa selokhu kwaqala intando yeningi kuleli. Utthe ukuncipha kwasabelo mali esitholwa yisifundazwe sethu kuzokwenza kube nzima ukufenza izidingo zabantu ngendlela uHulumeni afisa ngayo.

Kubuye kwaba into ekhuthazayo ukuthi imibono yabantu ethunyelwe ukululeka uNdunankulu ifundwe bukhoma. Emanye yalemibono ibivela kuNhlanhla Khumalo, Ants Jean-Louis Kanye noMfanufikile Dlamini. UNdunankulu udwebe isithombe esikhombisa ukuthi uHulumeni wakhe kuzomele usebenze kanzima ukufeza izidingo zomphakathi njengoba izimakethe nezimo sezimali zintenga. Utthe kuzomele isizwe sonke sibambisane futhi siqonde ukuthi indlela eya kwimpumelelo idinga amacelo amasha.

Kuvelile enkulumeni kaNdunankulu ukuthi isifundazwe sizothola isabelo esehele ngebhiliyonu lonke, kantu lokhu kusangaqhubeka uma isimo sezimali ezweni singabi ngcono.



Uqhube wathi noma kunjalo kodwa uHulumeni uzokwenza okusemandleni ukuze ukuhanjiswa kweddingo kungaphazamiseki.



Umbono oggamile obhekiswe kuzakhamuzi zalesifundazwe uthi ababe nethemba, basebenzise lelithuba ukuqoqa amandla okubhekana nalezizinselelo.

Ube esebala impumelelo kaHulumeni wakhe kulonyaka odlule, okubalwa ukwenyuka

kwezinga labathole umsebenzi, ukuqala ukusebenza kwezizinda zokufukula umnotho njengase Dube Trade Port, Richards Bay nakwezinye izindawo, kanye nokwenyuka kwsibalo sabantu abafakelwe ugesi.



Silwisanu neSifo seNgculazi neZifo zoCansi

21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE
DURBAN ICC 18-22 JULY 2016

This Is Your Life **Live It**
Access Equity Rights Now



ISIZWE SAKWA TEMBE SIGUBHE UMKHOSI WOMTHAYI KWANGWANASE

Alikho izwe elizobuswa ngezibhamu, amasela nokuntshontshwa kwezimoto. Izinsuku zoguluva ziphele, nangoKhisimuzi odlule amaphoyisa abebekanise khona la kwaNgwanase ukunqamula lombele.

CUTBETH NZUNZA

Umkhosi woMthayi okanye amaganu usuneminyaka ugujwa esizweni sakwaTembe. Ezokwethula inkulomo yakhe uNdunankulu umnu Senzo Mchunu ubephelezewa umphathiswa wezokuthuthukiswa komnotho, ezokuvakasha kanye nezemvelo umnu Mike Mabuyakhulu, nomphathiswa weZolimo kanye nezokuThuthukiswa kweZindawo zaseMakhaya umnu Cyril Xaba.

Bekuhona nosingaye wobukhosu bakwaTembe inkosi uMabhudu Tembe, abavela ebukhosini baseSwazini uGuduza kanye nethimba labantwana.

Obemele abase Mozambique uVernando, iMeya yoMkhanyakude umnu Jeff Vilane kanye nenkosi Mloto yaseLimpompo. UNdunankulu umnu Senzo Mchunu ugale usuku ngokuthi avule ngokomthetho isikhungo noma ifemu yokwakha ujamu, izimonyo, Kanye notshwala ngaphambi kokuya emgidini woMthayi. Aekho owayazi ukuthi amaganu angakhiqiza lezintso ezibalwe ngenhla okubalwa kuzo ngisho nensipho. Amaganu ayisitshalo esitholakala ngobuningi endaweni yaseMkhanyakude, yize lonyaka isivuno siphazanyiswe isomiso kodwa umkhiqizo ubekhona. UHulumeni wesifundazwe saKwazulu-Natali ufafe isamba esibalela ku 25 Million kwathi uhulumeni kazwelonke wezokuThuthukiswa

kweZindawo zaseMakhaya wafaka 5 million ukulekelela ukuthi kwakhiwe ifemu ezosiza abantu besizwe sakwaTembe namaphethelo ukuze basuse ikati eziko. Isiyonke imali esebeenzile kulefemu ilinganiselwa ku 30 million. Loluhlelo lokubakhona kwefemu iuzodala amathuba emisebenzi emphakathini eyakhele uMhlabuyalingana kanye namaphethelo. UNdunankulu ubongele inkosi yakwaTembe ngokwenza lomkhosi odonse amazwe amathathu awomakhelwane okuyi South Africa, iSwaziland kanye neMozambique. Ukubalulile ukuthi nezwe IaseSeychelles nalo selizoba yingxene yokuthi kube noxhumano ngakwezomnotho nezwelethu. Ube esekhuthaza abantu abahambele lomcimbi ukuthi ezokuvakasha zibalulekile ekuthuthukiseni umnotho ngakho abakukhuthalele ukuhambela lamazwe asengabahlobo bethu. Uthule nombiko wokuthi umgwaqo lo ohlanganisa iKwaZulu-Natali ngasedolobheni IakwaNgwanase kanye neMozambique usuyaphothulwa ngakho ezokuvakasha nezomnotho sezizobalula kulamazwe asondelene. Uhlabe ikhwelo lezigebungu ezishushumbisa izinto ngokungemthetho okubalwa kuzo izimoto kanye nezidakwamizwa phakathi kwalamazwe ukuthi amasongo kasigonyela



azobakhalela. Alikho izwe elizobuswa ngezibhamu, amasela nokuntshontshwa kwezimoto. Izinsuku zoguluva ziphele, nangoKhisimuzi odlule amaphoyisa abebekanise khona la kwaNgwanase ukunqamula lombele. Indawo yaseNgwavuma ike yavakashelwa uHulumeni ukuzobhekelela amasosha omzabalazo ezinsukwini ezedlule. Inkosi uMngomezulu yethula izikhala zo zezizwe yathi icela uhulumeni abhekelele indaba yamanzi, ukushoda kwemisebenzi, umgwaqo nokunye. Kuvelile futhi ukuthi indawo yakwaMhlabuyalingana inezinkinga ezifana nazo lezi eziphawulwe inkosi. Ngokuvula lefemu uhulumeni uzoza nohlelo

lokutshala izihlahla zesimanjemanje ezizokwazi ukuthi zithele amaganu unyaka wonke ukulekelela ukuthi ifemu isebezenze njalo. Uma umkhiqizo usukhona nezimakethe zizokwanda ngoba izingane aziyi esikoleni isinkwa singagcotshiwe ujamu. Ujamu uzofuneka unyaka wonke okuzoba yinselelo uma izihlahla zingekho ezizothela unyaka wonke. Inkosi yakwaTembe ivumile ukunikela ngendawo ezotshala Iezizihlahla zekhethelo. Abantu bazoeqeqeshwa emkhakheni eyahukene ukuze lemponi ibe nomkhiqizo osezingeni eliphezulu. Umkhiqizo wamaganu kuzoba ngowohlelo oluhle Iodidi oluphezulu. Umkhiqizo uzobonakala ngamabholdele

anelebuli elihle, nezinsipho, nezimonyo kanjalo notshwala ngaphambi kokuba kusiwe emakeethe sekodayiswa.

Kuwo Iamasonto uHulumeni uzonikela ngezindlu endaweni yaseNdumo. Akuphawulile futhi UNdunankulu, ukuthi uhulumeni awuholayo ufile usho bese uyenza ukuze kusizakale umphakathi wakithi. Laba abathi asilethi izidingo ngqangi kubantu kothi uma sekufika isikhathi sokuvota sibakhombise ukuthi besenzani futhi siyaphi nokuthuthukisa umphakathi wakithi. UNdunankulu uhlabe ikhwelo lokuthi lomkhosi woMthayi awukhule njalo ngoba uvuselela amasiko kanye nosikomilo esizweni nokuthi azibuyele emasisweni.

Ivulwe ngenhlokomo imboni yamaganu kwamHlabuyalingana

BRENDA MQWAMBI

ISITHEMBISO esenziwa UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali ngo 2012 sokwakhela abantu baKwaMhlabuyalingana isikhungo semikhiqizo yamaganu sifezekile njengoba sivilwe ngokusemthethweni. UmNyango lokhu kuwubufakazi bokuthi uyazigcina izithembiso ukuze kusizakale imiphakathi entulayo yesiFundazwe. UNggongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu Natali, uMnuz Cyril Xaba, utshele izindimbane ebeziyingxene yoMkhosi woMthayi ukuthi isikhungo sizonikezelwa emphakathini kanti sibize imali engu R26 million. Umcimbi ububanjelwe esigodlwensi saseMfihlweni kwaTembe KwaMhlabuyalingana. Ethula emphakathini inkulomo yakhe, uNggongqoshe uXaba uthe le mboni izokhiqiza izinhlobo

ezahlukene zemikhiqizo kodwa okwamanje izoqala ngokukhiqiza ujamu weMarula. Uthe ngokuhamba kwasikhathi kuhloswe ukuthi imboni igcine isikhungo amafutha okupheka, okokugcoba isikhumba ezenza isikhumba, okunye futhi okuveli ukuthi amafutha amaganu angasetshenziswa ekuhlanzeni isikhumba esishukiwe ukuze iziboya zibe zinhle zicwebenze.

UmNyango, uhlangene nomNyango wezeMihlaba, ulekelele ngemali engu R5 million ekutheni kuthengwe umshini wokuvubela utshwala bama Ganu kanye nomshini ozogaya amakinanti azokhipha uwoyela.

"Le malo izophinde ithenge imoto yokuthutha umphakathi ozophuma uyolanda izithelo ezizosetshenziswa ekwakheni ujamu waMarula kuphinde futhi kuthengwe isithutho esizohambisa udai nojamu, izinongo zenyama ezenziwa ngezithelo, kanye

nohlobo Iukajamu olwenziwa ngamawolintshi oluzobe Iukhiqizwa kule mboni" kusho uMhloniswha uXaba. Inkosi yakule ndawo uMabhudu Tembe okhombisa ukuyiqonda kahle inhloso abanayo ngentuthuko yeSizwe asiholayo ukuqonda kahle uthe uHulumeni uwafezile amaphupho omphakathi wakwaTembe ukuba babe nemboni ezovubela utshwala bamaganu kule ndawo.

"Kuzovuleleka amathuba amanangi emisebenzi nokuzokwenza ukuthi abantu bakule ndawo bakwazi ukuxosha ikati eziko. Njengoba lomsebenzi kulindeleke ukuba isigaba sawo sokuqala siqeqeshe abantu abangu 80, lokhu kuyisqalo esihle, futhi kuzowenza umehluko emphakathini" kubeka iNkosi ebizwakala noma ikhulumu ukuthi lomsebenzi iyawuthakasela impela.

UNggongqoshe wezokuThuthukiswa koMnetho

nezokuVakasha, uMnuz Mike Mabuyakhulu, uthe izimakethe ezizodayiselwa imikhiqizo ezobe ikhishwa kule mboni sezikhona njengoba le ndawo iphakathi kwezindawo zokungcebeleka kanye namahhotela amanangi.

Lokhu kuzosiza ukuba lomkhiqizo uphusheke ngokushesha. UNdunankulu waKwaZulu Natali, uMhlonishwa uSenzo Mchunu uthe basebenzisana nochwepheshe ekutheni kwakhiwe ipulazi elizoqinisekisa ukuthi imboni ibe nemikhiqizo eyanele minyaka yonke. Kubalulekile ukuba lendawo ikwazi ukuthekelo izindawo ezahlukene ngokwazibalo ezidingekayo. UMnuz Xaba ube esenxusa labo abazobe besebenza kule mboni ukuthi babe nezinhlelo ezithile ezizobasiza uma sebebhekene nesimo sesomiso, ngoba uma bengenazo Iezozinhlelo kuzokwenza ukuba imboni abasebenza kuyona igcine ingakwazanga ukukhiqiza

ngokwanele, uphinde wexwayisa abazobe beqhube lomsebenzi ngokubaluleka kokuwuqondisisa lomkhiqizo baphinde bazihluphe ngokuhuba umsebenzi ube ibhizinisi ezohubeka nokusebenza izimele yakha umkhiqizo. Lo mkhosi ususekhalendeni lonyaka IesiFundazwe futhi uthuthukisa ezokuvakasha njengoba minyaka yonke kuba nezindimbane zezihambeli eziphuma emazweni ahlukene ukuzothamela lo mcimbi oba minyaka yonke kulendawo. Okuhle ngalomkhosi ukuthi uphinde uthuthukise nezokuvakasha esiFundeni saseMkhanyakude. Isasasa nokuphumelela kwaloMkhosi sekuwubeke ezingeni IeZwekazi I-Afrika njengoba ukugujwa kwalomkhosi sekawake ubudlelwane obukhulu phakathi kwalesi siFundazwe namazwe angaphandle anjengo Swazini neMozambique.



This Is Your Life

Live It

Access Equity Rights Now



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI



KwaZulu-Natal is a caring Province

Poverty is defined as an “economic condition that is caused by levels of income that hinder access to adequate health services, education, housing, food and nutrition, housing and shelter.”



KZN has adopted a Master Plan to eradicate Poverty

Social Protection and housing • Agriculture development • Enterprise Development • Employment Creation • Skills Development

KZN celebrates a 1 millionth milestone of patients on ART's

The KwaZulu-Natal government celebrates the successes of its Antiretroviral programme which recently surpassed 1 million patients (there are currently about 1,5 million) sustained on the programme to date and over 2 million ever initiated on the programme.

KwaZulu-Natal has the largest Antiretroviral treatment programme by far. Government will also commemorate over a decade of the antiretroviral programme, which was officially rolled out in April of 2004 in the province.

“KWAZULU-NATAL AS A GROWING, DEVELOPING AND CARING PROVINCE
FIRMLY FOCUSED ON VISION 2030”

OWEZEMPILO NEZINHLELO ZOKUNQANDA iHIV ne-AIDS ENTSHENI

■ Ukusebenzisa ijazi lomkhwenyana kahle futhi njalo uma wenza ucansi kukuvikela ekutheni uthole umtwana singekho sidingo kanye nasezifweni ezithelenana ngokocansi.

U Ngqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal UDkt. Sibongiseni Dhlomo usencome iqhaza elibanjwe wumkhandlu wabafundi e-Mangosuthu University of Technology ngokuvala uphuza oludakayo esikhungweni.

UDkt Dhlomo uthi lomkhandlu wabafundi ukwazile ukunciphisa izinga lophuzo oludakanayo ngaphakathi ezindaweni okuhlala kuzo abafundi njengoba sezincane izigameko eseziphatha ebezeniwa abafundi uma sebebukhile.

Ubekusho lokhu ngesikhathi lesi sikhungo sethula i-“First Things First/Graduate Alive,” nokuwumkhanaso wezempi loqquqzulu ukuthi abafundi benze abakuzela ezikhungweni zemfundo ephakeme, okuwukufunda bagogode.

Lo mkhankaso ubandakanya ukhlolela igciwane lengulazi kubafundi abenza unyaka wokuqala.

UDkt Dhlomo uphinde wanoma kakhulu abaphathi baleNyuvies ngemizamo yabo yokuba nabantu abeluleka abafundi ngendlela yokuziphathe njengoba bengkho eduze nabazali babo.

LeNyuviesi inabantu abenza lomsebenzi kuzona zonke izindawo zokuhlala zaleNyuvies.

“IMangosuthu University of Technology ibe eyokuqala ukuthi sethule kuyo umkhankaso we-Dual Protection, okuwukuzivikela ezifweni ezithelenana ngocansi okumbaxambili.

“Iqiniso lithi esigidini sezingane ezizalwayo njalo ngonyaka kuleli, u8% nokungu 80 000, lezo zingane zizalwa amantombazane asemancane angakakulungeli ukuba abazali.

“Laba bantu abasha uma bekhulelwelwe abakwazi ukuthi baqhubeke kahle nesikole, futhi makhulu amathuba okuthi badlule emhlabeni ngenxa yezifo eziphathelene nokukhulelwelwa.

Umbuso omkhulu owokuthi sibhekana kanjani nalokhu? Sibe sesithi njengoMnyango wezeMpilo



UDkt Sibongiseni Dhlomo uthathwe lapha eseMangosuthu University of Technology, ethula uhlelo lokuwashisa nge-HIV ne-AIDS, olwaziwa nge-First Things First/Graduate Alive

asethule umkhankaso owaziwa ngokuthi iDual protection.

Okokuqala uNgangezwe Iakhe uhlae ethi, abantu abazithibe bangajahi ukuya ocansini. Kulabo abehlulekayo ukulinda sinesiqubulo esithi: “**MY RESPONSIBILITY, MY FUTURE, OUR FUTURE-I-CHOOSE DUAL PROTECTION.**”

Lesi siqubulo sibhekiswe kwabesimame abasebancane ukuthi baqikelele ukuthi bahlela umndeni, futhi kusetshenziswe ijazi lomkhwenyana njalo uma kuyiwa ocansini.

Ngokunjalo kwabesilisa sithi abasoke baphinde basebenzise ijazi lomkhwenyana ngaso sonke isikhathi. “Ukusebenzisa ijazi

lomkhwenyana kahle futhi njalo uma wenza ucansi kukuvikela ekutheni uthole umtwana singekho sidingo kanye nasezifweni ezithelenana ngokocansi.

Ngakho ngijabula kakhulu ukukhuluma ngalokhu kuyinyanga yezothando futhi kugujwa i- Valentine’s Day.

Kuyangijabulisa ukuthi sihlangene nje ngesikhathi izwe libhunga ngemiphumela yesikhungo i-Centre for Aids Programme Research in SA {CAPRISA} eveze lokhu okulkandelayo:

Angaphezulu kuka 2300 amantombazane aphakathi kuka 15 no 24 iminyaka azothola

igciwane njalo ngesonto, kanti isibalo salaba besifazane abasebancane singaphindwa kane kunontanga yabo besilisa.

Lolucwaningo Iuveza ukuthi lamantobazane azothola igciwane kubantu abadala kunabo “sugar daddy.”

Phambilini lesi sikhungo sithole ukuthi amantombazane kanye nabafana abenza u-Grade 7 basuke bengenalo bonke igciwane.

Kodwa ngesikhathi beqeda u- Grade 12, u7 kuya 10% wamantombazane basuke sebenesandulela ngekulazi, kodwa abafana basuke bengenalo igciwane. Lokhu kubangelwa ukuthi amantombazabe alala nabantu

abadala kunabo asebevele bakhungethwe yilesisifo.

“Ngithanda ukubonga kakhulu imizamo yabafundi nokuyiyo enibeke lapho nikhona namhlanje.

Ningabe nisabheka ingcindezi eniyithola kubangani ezoniphazamisa endleleni yenu.

Njalo thathani izeluleko zabaphathi baleNyuvies. Abafundi kubukeke beyithakasela kakhulu inkulumo kangqongqoshe uDkt. Dhlomo.



PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI




ACCESS

21ST INTERNATIONAL
AIDS CONFERENCE

DURBAN ICC JULY 18-22, 2016

“*Strengthening the Fight
Against HIV and AIDS Pandemic*”



EQUITY

RIGHTS NOW !



Uphathi omusha wesibhedlela Inkosi Albert Luthuli uDkt. Thandeka Thelumusa Khanyile, Ungqongqoshe wezempi KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo kanye noyiNhloko yoMnyango uDkt. Sifiso Mtshali

OWEZEMPILO U-DKT. DHLOMO WETHULE UMPHATHI WESIBHEDLELA INKOSI ALBERT LUTHULI

■ Impumelelo enkulu kakhulu esesibe nayo eMnyangweni ukuthi sithole abesifazane abazosebenza ezikhundleni eziphezulu kangaka

UNgqongqoshe wezempi KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo wethule esithangamini sabezindaba ebiese Inkosi Albert Luthuli hospital umphathi omusha wesibhedlela Inkosi albert Luthuli (CEO) uDkt. Thandeka Thelumusa Khanyile kanye namaphini amabili abaqondisi jikelele oMnyango wezempi KwaZulu-Natal (Deputy Director Generals) okungu Dkt Lindiwe Millicent Simelane kanye no-Dkt. Simphiwe Angela Mndaweni. "Impumelelo enkulu kakhulu esesibe nayo eMnyangweni ukuthi sithole abesifazane abazosebenza ezikhundleni eziphezulu kangaka, angiqale ngixolise ngokuthi awekho lapha amaphini abaqondisi jikelele amabili, uDkt Lindiwe Millicent Simelane kanye no Dkt. Simphiwe Angela Mndaweni, kodwa khona uDkt Thandeka Thelumusa Khanyile, owokuqala uLindiwe Millicent Simelana, umsebenzi wakhe ukulekelela ukuthi imisebenzi eyenziwa oDokotela nabahengikazi eqinisekise ukuthi ihamba kahle, kanye nokudonswa kwamagazi kanye nalabo

abashone ngezingozi, uzophinde abheke labo abasebenza kuma Ambulance umphathi wakhe oyiNhloko yoMnyango, Uneziyu ze Degree ku Bachelor of Science ayithola e-University yase Fort Hare kanti uphinde abe une-University- Education Diploma ayithola University of Zululand, uphinde abe ne Bachelor of Science ayithola e University of Science and Technology, aphinde azoba ne-Bachelor of Medicine, aphinde futhi azoba ne-Bachelor of Surgery ayithola e-University of Science and Technology, kanye neyase-Kumash, kanye nase-Ghana. Owesibili uDkt Simphiwe Angela Mndaweni uqokwe njengo-Deputy Director General for the District Health Services, okusho ukuthi usumsebenzi wakhe uzobe eyinsika esifundazweni yena usebenza ngokubhekelela izifo ezithathelana kanye nalezo ezingathathelani zonke izibhedlela zingaphansi kwakhe nalabo abaletha izikhalo bazobe besizwa nguye. Uneziyu ze-Masters ku Medical Science Microbiology azithola eMedunsa; kanye neMBCHB ayithola khona eMedunsa waphinda wenza i-

Management Development Course ku-Healthcare Professionals e Wits Business School kanye nase Duke University; une-Diploma in Health Systems Management Executive Leadership ayithola eNyuvusi yase Pretoria. Kanti kumanje ufundela iziqu ze-Masters khona eNyuvusi yase-Pretoria ku-Public Health. Isibhedlela Inkosi Albert Luthuli sasala singenaye uMphathi ngonyaka odlule ngesikhathi owabe engumphathi wesibhedlela uDkt. Sifiso Mtshali eqokwelwa kwesokuba yiNhloko yoMnyango. Ethula umphathi omusha wesibhedlela esithangamini sabezindaba ebiese Inkosi Albert Luthuli hospital uDkt Dhlomo uthe, "Kuzokhumbuleka ukuthi isibhedlela Inkosi Albert sasala singenaye umphathi ngonyaka odlule emva kokuthi owayengumphathi kulesisibhedlela eqokelwe kwesokuba inhloko yoMnyango. Ngithanda ukubonga kakhulu ku-Mr Shezi obebambile ngesikhathi singakabi naye umphathi wesibhedlela kulezinyanga ezimbalwa ezedlule. UDkt Thandeka Thelumusa Khanyile waphumelela emva kwenhloko luhkono eyaba khona

njengoba namhlanje sizomethula njengomphathi omusha wesibhedlela Inkosi Albert Luthuli, ubekade engumphathi wesibhedlela iNgwelezane. Kuningi okubhekeke kuyena ukuthi aqhubeke lapho kushiye khona owabe ongumphathi walesisibhedlela oseyiNhloko yoMnyango uDkt. Sifiso Mtshali. Okunye okubhekeke ku-Dkt Khanyile ilesisibhedlela besisebenziana nezinkampani ezizimele ama- Public - Private – Partnership [PPP], zikhona izindlela ezikhona zokuxoxisana nalabo abebelinzeka ngosizo ngezinto ezithize njengoba besinenkontileka nabo kusukela eminyakeni engu-14 eyedlule nephelayo inkontileka yabo yeminyaka engu-15 ngonyaka ozayo noMnyango. UDkt Khanyile nami ngike ngasebenza naye ezindaweni eziningi, uke waba uDkt nasemasosheni kanye nasezibhedlela eziningi ezahlukene. Uneziyu azitholile eNyuvusi iMedunsa, iNyuvusi yase-Stellenbosch, iNyuvusi yase-Pretoria kanye naseNyuvusi yase-Free State. Siyakubongela Dokotela ukuthi uqokwe ukuthi ube

umphathi walesisibhedlela emva kwenhloko luhkono esaba nayo, lomsebenzi ongene kuwona udinga umuntu onokuzimisela impela, kuleminyaka eminingi sisebenze nawe ngiyathemba futhi nginesiqiniseko sokuthi lomsebenzi uzokwazi ukuwenza ngendlela". Kuphetha uDkt Dhlomo. Esebuza abezindaba uDkt Thandeka Thelumusa Khanyile ukuthi yini afika nayo entsha kulesisibhedlela njengoba saziwa njengesihamba phambili kulesisifundazwe, uthe, "Engifisa ukukwenza njengoba benguwumphathi wase-Ngwelezwane, ngifisa ukuthi umuntu ozobe edluliselwa kulesisibhedlela nesithathwa njengesisezingeni elipheli eNingizimu Africa, umuntu ozobe edluliselwa lapha athole ukwelashwa okusezingeni eliphezulu ngokwesibhedlela. Siqinisekise ukuthi abantu ngempela abafanele ukuza lapha abadluliselwa kulesisibhedlela". Kuphetha uDkt Khanyile, nobebukeka ukuthi ujabulile futhi uzmisele ngomsebenzi wakhe omusha nangendlela abephendula ngayo kwabezindaba.



Silwisana neSifo seNgculazi neZifo zoCansi
21ST INTERNATIONAL AIDS CONFERENCE
DURBAN ICC 18-22 JULY 2016

This Is Your Life Live It
Access Equity Rights Now



UMCHUNU WETHULE UHLELO LWEBHULUHO ELIXHUMANISA UMSINGA NENKANDLA

Thina uma sakhela umphakathi umgwaqo noma ibhulohlo asivele nje sakhe noma isakhiwo esinjani kodwa siyaye siqinisekise ukuthi imiphakathi yethu siyakhela into eba sezingeni eliphezulu

NONHLANHLA NDWANDWE noMANDISI MHLONGO

Kuzonciphia ngamahora amabili ukusuka eMsinga kuya eNkandla kulanlala ukumenyezelwa kwezinhlelo zokwakhiwa kwebhulohlo lezimoto elizongamula phezu komfula uThukela.

Imiphakathi emibili ehlukaniswe umfula nje kuphela, okungowasema Bomvini eMsinga nowa KwaNtuli eNkandla, ibichitha isikhathi esingamahora amabili ukuhambela kulezi zindawo okuhambisana nezindleko zokugibela ezithuthi zomphakathi.

Kodwa konke lokhu sekuzoba wumlando njengoba uNgqongqoshe wezoku Thutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu ehambele emphakathini waseNkandla muva nje eyokwethula inkontilaki ezokwenza umsebenzi wokwakhiwa kwebhulohlo.

Lo msebenzi ozodla isamba semali engu-R53.7 million kulindeleke ukuthi ube usuphelile esikhathini esiyizinyanga ezingu-18 futhi kudaleke namathuba emisebenzi amanangi kwizakhamizi zindawo.

"Thina uma sakhela umphakathi umgwaqo noma ibhulohlo asivele nje sakhe noma isakhiwo esinjani kodwa siyaye siqinisekise ukuthi imiphakathi yethu siyakhela into eba sezingeni eliphezulu neyohlala isikhathi eside ize ibonwe nayizizukulwane ezizayo.

"Njengalapha eNkandla leli bhulohlo izoba seqophelweni eliphezulu futhi ngiyakuqinisekisa namhlanje ukuthi libekelwe ukuhlala isikhathi esiyiminyaka engu-50 ukuya phezulu lingazange linyakaze," kusho uMchunu.

Ngaphandle nje kokuthi ukwakhiwa kwaLele bhulohlo kuzonciphisa isikhathi sokuhamba, kodwa kuzobuye kusize ukuhlenga izimpilo zabantu bendawo abebeminda uma bezama ukuwela



UNgqongqoshe wezoku Thutha uMnuz Willies Mchunu ehambisana nobuholi bendawo yaseNkandla emcimbini wokuphendulwa kwesoyi lebhulohlo lezimoto elizoxhumanisa iNkandla noMsinga. Isithombe: **SBU ZUNGU**.

kulo mfula uThukela.

Kuzobuye futhi kwenze lula ukuhambela izikhungo zemiphakathi ezibalulekile ezifana nezikole, imitholampilo, izitolo kanye nezikhungo zokuhola imphesheni.

UMchunu uveze nokuthi uMnyango wakhe ubeke eceleni isamba semali esingu-R1 billion

ukubhekelela ezentuthuko yengqala-sizinda oThungulu naseMzinyathi kulesi sikhathi seminyaka yezimali emithathu, okuyizifunda iNkandla noMsinga ngokulandelana abangaphansi kwazo.

"Izinga lobubha nokungalingani ezindaweni zasemakhaya kuyinto ehamba phambili yingakho

uHulumeni oholwa uMongameli (uMnuz Jacob) Zuma uqinisekisa ukuthi uyalivala leli gebe ngokuthi ubeke phambili izindawo zasemakhaya ekuhlinzekweni ngentuthuko," kusho uMchunu.

Ubuye wezwakalisa ukweneliseka kwakhe ngohlelo lokukhuliswa nokuthuthukiswa kwasifundazwe i-Provincial Growth

and Development Plan, olubhekelele phakathi kokunye ukuxhumanisa imiphakathi yasemakhaya namadolobha amancane ukuze ikwazi ukufinyelela ezindaweni ezinomnotho.

transport

Department:

Transport

PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

MR TW MCHUNU

MEC for Transport, Community Safety & Liaison



"Ukuphepha Emgwageni Kungumsebenzi Wethu Sonke"

BACHOME UMCHUNU UPHAPHE EKHANDA NGOKUDALA UKUTHULA

Kuyangijabulisa kakhulu ukuthi izindawo eziningi udlame seluphelile kanti futhi singuMnyango nabemboni yamatekisi sisebenza kanzima ukulwa nezingozi emigwaqeni yakuleli

STHUMBILE LUTHULI

Umkhandlu owengamele imboni yamatekisi iSouth African National Taxi Council (SANTACO) KwaZulu-Natal usuklomelise ngendondo uMnuz Willies ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi kulandela iqhaza alibambile ekuxazululeni izingxabano kule mboni.

Emhlanganweni wonyaka obuseNewcastle ngeledlule, iSANTACO income umChunu ngomsebenzi asewenzile engenelela ekuqedeni udlame lwanatekisi obeludla lubi kule mboni ezindaweni ezaahlukene esifundazweni. Nakhona eNewcastle uMchunu usanda kungenelela ngempumelelo kulandela ingxabano ebisidone iminyaka eminingi nomphakathi wakhona obusulahle ithembu lokuthi iyoke iphele. Ngemuva

kokungenelela kwakhe uMchunu, kugcine kusayinwe izivumelwano zokuthula nezokusebenzisana okuhle phakathi kososeshini bonke abasebenzela eNewcastle.

Emukela indondo yakhe uMchunu uthe: "Siyabonga ukuthi imboni yamatekisi iyalibona igalelo lami noMnyango ikakhulukazi ekuxazululeni izinkinga zamatekisi ekade zaqala nesezidlule nemiphefumulo yabantu eminingi.

"Kuyangijabulisa kakhulu ukuthi izindawo eziningi udlame seluphelile kanti futhi singuMnyango nabemboni yamatekisi sisebenza kanzima ukulwa nezingozi emigwaqeni yakuleli njengoba isibalo sesehle kakhulu. Impela lokhu kubambisana kunemiphumela emihle." USihlalo weSANTACO esifundazweni uMnuz Boy Zondi uthe kuyiqiniso elingenakuphikwa ukuthi uMchunu selokhu athatha

izintambo njengoNgqongqoshe wezokuThutha usebenze ngokukhulu ukuzikhanda ukuxazulula izinkinga ezikhona embonini kanye nokuletha ukuthula embonini yamatekisi. "Yingakho sibone kufanele ukuthi simuchome uphaphe legwalagwala ngenxa yeqhaza lakhe elikhulu alibambil," kusho uZondi. Nethimba

IoMnyango elisebenzisana kakhulu noMchunu, elihlanganisa neNhloko yoMnyango uMnuz Sibusiso Gumbi, liklonyelisiwe ngokuzikhanda kwalo ekuletheni uguuko embonini yamatekisi.

Lokhu kuuhlanganisa ukusabalalisa izikhungo zokukhipha izimvume zokuthutha umphakathi nokusingatha uhlelo Iwezinkontileka zalabo abasemonini yamatekisi asebengena embonini yamabhasi.



UNggongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uWillies Mchunu amukela indondo yokuxazulula izingxabano embonini yamatekisi eyamukeliswa uSihlalo we-SANTACO uMnuz Boy Zondi. Isithombe: **SBU ZUNGU.**

Isexwayiso kubashayeli ngokubulawa kwamaphoyisa omgwaqo



Bebetheleke ngobuningi ozakwabo baka-Provincial Inspector Andile Shangase enkonzwensi yesikhumbuzo yakhe ebiseManzintoti Civic Centre.

Isithombe: **ZINGISA HLATHI**

MABUYI XHOBA

UNggongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu usekhipe isixwayiso ukuthi ukubulawa ngesihluku kwamaphoyisa omgwaqo esemsebenzini kuyinto ekhathaza kakhulu njengoba kuvele kunciphisa isibalo sawo esivele sisincane.

UMchunu usho kanje kulandela isehlakalo sakamuva sokushayiswa kubulawe iphoyisa lomgwaqo kade lizama ukumisa itekisi. Kulesi sigameko esenzeke ku-N2 kushone uProvincial Inspector Andile Shangase (35) obesesiteshini saseWinkelspruit eningizimu yeTheku. "Kuyathusa ukuphela kwezimpilo zamaphoyisa

omgwaqo ngalolu hlobo, njengoba lokhu kuphazamisa izinhlelo nemizamo yethu yokulwa nezingozi zomgwaqo.

Ukushona koyedwa kusho ukulahlekela abaningi.

"Abashayeli kumele baqaphele futhi bagcine imithetho yomgwaqo ngaso sonke isikhathi uma besemgwaqeni.

UShangase wakhomba umshayeli wetekisi ukuthi ame eceleni kodwa akakwazanga ukwenza kanjalo nokwaphetha ngokuthi ashayise uShangase nowaphelela khona lapho," kusho uMchunu.

Uthe uHulumeni wonkana ukhathazekile ngezingozi ezenzeka emgwaqeni mihi


namalanga wathi kukhathaza kakhulu uma kufa amaphoyisa omgwaqo okuyiwona asebenza kanzima ukuqinisekisa ukuphepha kwabantu emgwaqeni.

"Asiqinisekise ukuphepha emigwaqeni yethu ngokuthi silandele imithetho yomgwaqo ngaso sonke isikhathi.

Sianxuswa ukuthi sishayele izimoto ezisesimweni esifanele, singaphuzi uphuzzo oludakayo bese sishayela, singathwali abantu abeqile kwisibalo esibekiwe siphinde sishayele ngesivinini esibekiwe ngoba izingozi eziningi kuyatholakala ukuthi zidalwa isivinini eseqile kanye namanzi amponjwana," kuphetha uMchunu.

community safety & liaison
Department:
Community Safety and Liaison
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

MR TW MCHUNU
MEC for Transport, Community Safety & Liaison



"Masihlangane ngokubambisana silwisane nobugebengu"

UGU DISTRICT FARMERS GARDEN COMPETITION IYINKUNDLA YOKULOLONGA ABALIMI

■ Uma sesigculisekile ngalesi sigaba sibe sesimema abahluleli. Abahluleli yibo abahambela izivande zabalimi ngokwemikhakha yazo ehlukene ukuze baqoqe ulwazi oluholela ekwahluleleni

BUYANIMA-AFRIKA MKHULISE

UNosipho Ngeleka (58) ungumlimi wesifazane osasafufusa kepha onephupho elikhulu lokungenela umncintiswano wabalimi besifazane abavele esifundazweni saKwaZulu Natali obizwa nge Female Entrepreneur Awards (FEA) ngelinye ilanga.

Kepha ngaphambi kokuba afinyelele kulesi sigaba sokuncintiana, lo mlimi waKwaNzimakwe endaweni yaseButhongweni osalima ezingen iokuzondla yena kanye nomndeni wakhe, akazibekile phansi njengoba eqhubeka nokuvivinya aphinde athuthukise ikhono lakkhe lokulima ukuze libe ngelihlelekile neliseqophelweni eliphakeme.

Lokhu ukufezelekisa ngokungenela umncintiswano obizwa ngo - Ugu District Farmers Garden Competition asekwenze iminyaka emibili ilandelana.

Ugu District Farmers Garden Competition ngumncintiswano wabalimi abasafufusa ohlelwa yi - Food and Nutrition Security (FNS) eyingxene yophiko IomNyango Iwe - Advisory and Extension Services okunguphiko olwangamele abeluleki bezolimo nokuphathwa kwemfuyo.

Lo mncintiswano uyindlela yokuvundulula uphinde ulungiselele abalimi abafana noNosipho ukuba babe sezingeni elifanele ukuba bangakhethwa wolunye uphiko IomNyango olubizwa nge Youth, Women and Cooperatives Development (YWCD) ukuba bangenele umqhudelwano oseqophelweni eliphelzulu, i-FEA, esigabeni sesifundazwe.

Umlimi onqoba kowesiFundazwe ubi esebehkana ngqo nabalimi abadle ubhedu abavela kuzo zonke iziFundazwe zaseNingizimu Afrika kwisigaba esibizwa nge National Female Entrepreneur Awards lapho kukhethwa khona owestifazane ovelele kwezolimo eMzansi wonke jikelele.

Umncintiswano, Ugu District Farmers Garden Competition,



UNosipho Ngeleka (58) waKwaNzimakwe ungumlimi osafufusa usanda kumphuma phambili emkhakheni we Household Gardens kumncintiswano ohlewe ngumNyango wezoLimo obizwa ngo - Ugu District Farmers Garden Competition. Lomncintiswano uyindlela yomNyango yokuvundulula nokuthuthukisa abalimi abazongenela i-Female Entrepreneur Awards uphinde ube yiqhinga lokuqinisekisa ukuthi imiphakathi inokudla okwanele.

uyingenye yamaqhingga e-FNS okuhlinzeka amaqhingga namakhono okutshala ukudla okwanele nokunomsoco kwizinkulungwane zezakhamuzi zaKwaZulu Natali ezibhekene nenkinga yenkemane.

Ngokubambisana nabaluleki bezolimo abazinze kuma - ward oMasipala basemakhaya, lolu phiko Iuhlizenza imbewu yokutshala bese kuthi abeluleki bona bahlinzeke amakhono okulima kubalimi.

Ekuheleni konyaka odlule, ukusebenzisana okuhle phakathi kukaNosipho nomeluleki wakhe wezolimo, uNkk Thabile Kheswa, kukuze obala ukuthi iphupho likaNosipho lokuncintisana nabesifazane abavelele kowe - FEA akusekude ukuba lifezeke njengoba edle umhlanganiso emkhakheni obizwa nge Best Household Farmer kulo mncintiswano wesiFunda.

Ukuzimisela kwakhe kumhlomulise ngezinsiza kusebenza okubalwa kuzo ithangi lamanzi lakkwa Jojo, amathuluzi

okulima, amasaka amane amanyolo ango 50 kg, izimbewu zeklabishi, iziqathi, izipinashi, u-beetroot kanye namasolozi.

UNosipho uthi impumelelo yakhe incike kakhulu ekukhuthalen, uthando Iwakhe lokulima kanye nasekweselekweni ngumNyango ngokuhlinzeka umluleki wezolimo ofana noThabile Kheswa.

"Abeluleki basihlelela imihlangano yabalimi yama-farmers day lapho sifunda khona, siphinde sihlangane khona nabanye abalimi esicobelelana nabo ulwazi ngezindlela zokulima siphinde sigqugquzelane ukuba siqhubeke nokulima," kusho uNosipho.

Uqhuba uthi abeluleki bayabalekelela ukuba bahbole umhlabathi ukuze bazi ukuthi umhlabathi udinga hlobo luni lukamanyolo nokuyikho okulekelela ukuba sande isivuno.

"Engikuthanda kakhulu manje ama-workshops akwa value adding lapho sifundiswa khona ukuthi umhliqizo wethu singawuthuthukisa kanjani ukuze sandise impilo yayo kanye

nenzozo. Ngenxa yalama-workshops sengifunde ukwakha i-marmalade jam ngolamula engiwutshalayo, i-watermelon ngamabhece engiwatshalayo, iziphuo ezingo-juice, ama-chips kabhatata kanye nawe dumbe nawo engizitshalela wona,"kusho UNosipho. U-Angeline Mbotho, ongumdidiyeli walo mncintiswano ehhovisi IomNyango ngaphansi kokuba bamemezele usuku Iomqhundelwano bayabazisa abalimi ngezirhlosu

zomncintiswano, ukuthi uzoba nini, babagqugquzele ukuba bawungenele baphinde babanike isikhathi esanele sokuthi bazilungiselele ukuncintisana.

"Uma sesigculisekile ngalesi sigaba sibe sesimema abahluleli. Abahluleli yibo abahambela izivande zabalimi ngokwemikhakha yazo ehlukene ukuze baqoqe ulwazi oluholela ekwahluleleni abenze kahle nalabo abangaphumelelanga.

Inhloso enkulu ukubagqugquzelana ukuba benze kangcono," kusho uNksz Nkosi.

uNkk Mbotho.

UThabile Kheswa yena uthi umsebenzi wakhe njengomeluleki awupheleli nje ekulungiseleleni abalimi ukuba babe sesimeni sokungenela umncintiswano ngokuhlela ama workshops, ama farmers day nokuhlolola inhlabathi nokweluleka abalimi kepha udlulela ekujinisekiseni ukuthi kutholakale izimakethe lapho umhliqizo uzodayiswa khona.

"Uma usukhona umhliqizo omuhle ezingadini kudingeka ukuba udayiswe. Yingakho-ke, sesibe nezingxoxo nama – agents avela kwi Durban Fresh Produce Market ukuthi mawafike ezothenga imhliqizo yamadumbe kumbimbi Iwabalimi baseZinqoleni abafana noNosipho," kusho uThabile.

Uqhuba uthi kumanje umsebenzi omkhulu abaphezu kwavo owokuhlela ukuthi umbimbi Iwabalimi bawatshale ngokushiyana amadumbe ukuze ama – agents ahlale ewathola unyaka wonke. "Ukuphumelela kwalolu hlelo kuzokwenza abalimi abafana noNosipho bakwazi ukuqhadelana emikhakheni ehlukile kunaleyo ebebeyengenele kulo nyaka," kusho uThabile. UThandeka Nkosi oyisekela mphathi wophiko IweFNS uthi Ugu District Farmers Garden Competition eyingxene yezinlelo ezibalekile zokuhlinzeka ukudla okwanele emakhaya oluqhakanjiwe ngaphansi kweNqubomgomu entsha yomNyango yokuThuthukisa ezoLimo. "Ngaphansi kwale ngqubomgomu isiFundazwe saKwaZulu Natali silindeleke ukuthi ngo 2019 sibe sesikhqiza ukudla emhlabeni ongango 80 000 wamahektha osezindaweni zasemakhaya.

Lo mhlabi uhlanganisa nalowo wezivande zasemakhaya, ezikoleni, emapaki kanye nezivande zemiphakathi ezibhekeke ukuba zidayisele izinhlelo zokudla zasezikoleni, emajele nasezibhedlela," kusho uNksz Nkosi.



UMNUZ. CYRIL XABA

UNGQONGOSHE WEZOLOMLO NOKUTHUTHUKISA KWEZINDAWO ZASEMAKHAYA, KWAZULU-NATALI

NGOKUBAMBISANA SESENZE ISIFUNDAZWE SAKWAZULU NATALI SABA ESIQCONGO UKUPHLA KUSO.

UKHUKHULELA NGONQO WOHLELO LOKUHWEBA NGEZIMBUZI EMSINGA

Siphendula uMsinga ubi ngumthombo okhiqiza uphinde uhlwebi ngezimbuzi KwaZulu-Natali.





Uphiko lomNyango Iwe Food and Nutrition Security selunxuse izakhamu zesiFundazwe ukuba zicophelele ngendlela ezisebenzisa ngayo amanzi ziphinde zisebenzise amaqhinga okulondoloza impilo yemikhiqizo yokudla kulesi sikhathi sesomiso esihlasele KwaZulu-Natali.

UMNYANGO WEZOLIMO UKHUTHAZA UKONGIWA KWAMANZI NOKOMISWA KWEMIKHIQIZO YOKUDLA

■ Uma uyidayisa imfuyo ungathenga izinkukhu ezimbalwa ngoba azidingi amanzi nokudla okuningi futhi ungakwazi ukuthi uzihlabe uziidle

XOLISWA MNGUNI

UMphakathi waKwaZulu-Natali osezindaweni ezihlaselwe isomiso uyanxuswa ukuba usebenzise amanzi ngokucophelela uphinde usebenzise amaqhinga okomisa umkhiqizo wokudla okutshalile ukuze kubalonde isikhathi eside. Lesi isexwayiso esivela ophikweni lomNyango wezoLimo IweFood and Nutrition Security (FNS) silandela imibiko yakamuva ethi uMzansi Afrika uzophoqeleta ukuba uthenge izindodla zommbila emazweni angaphandle ukuiqinisekisa ukuthi kunokudla okwanele ukondla izakhamu zakeleli zwe.

Ngokwezangoma zezulu zasenyuvesi yaKwaZulu Natali isomiso esinzima njengalesi sagcina eminyakeni engamashumi amabili adlule.

Lokhu sekube nomthelela omubi ekwenyukeni kwamanani okudla osekuze kwafinyelela

kumaphesenti angamashumi amabili (20%) kulandela ukwesweleka kommbila owanele eMzansi. Ngokophiko Iwe-FNS olubhekene nomsebenzi wokuqhamuka namaqhinga ayizixazululo zokunqanda ukwanda kwendlala edalwa isomiso esihlasele izinxenye eziningi zaKwaZulu Natali, lesi sifundazwe sizodinga imvula yonyaka wonke ukuze isimo sibuyele kwesejwayelekile.

UThandeka Nkosi oyisekela mphathi wophiko Iwe-FNS uthi amanye amaqhinga angasetshenziswa ngabantu ukonga amanzi ahlanganisa ukunisela izivande zabo ngamanzi abawasebenzisela ukugeza izitsha, ukuhlamba umzimba, ukupheka noma okuwasha.

UNkosi usho lokhu kulandela imibiko yezangoma zezulu ethi amathuba emvula angase atholakala KwaZulu-Natal ngaphambi kokushaya isikhathi

sobusika azoba mancane kakhulu ngendlela yokuthi angeke akwazi ukuqedwa isomiso.

Lokhu kusho ukuthi umthamo wamanzi osuvele umncane emadaminu uzoshabalala uphele nya ngesikhathi sobusika.

"Siyaziluleka izakhamu zaKwaZulu Natali ukuba ngaphezu kokusebenzisa amanzi okuwasha ukuze zinisele, mazisebenzise imbewu ekwazi ukubekezelela isomiso etholakala ezitolo ezidayisa imbewu," kusho uNkosi.

Uqhubeke wathi elinye iqhingga lokonga amanzi okunisela ukuthi indawo abatshale kuyo izithombo bayimboze ngotshani ukuze amanzi abanisele ngawo angasheshi ukuhwamuka.

Mayelana nokwengeza impilo yokudla, uNkosi uphinde wathi abanini bemfuyo mabayidayise bagcine imali ebhenki ukuze baphinde bathenge enye imfuyo uma isomiso sesidlulile.

"Uma uyidayisa imfuyo

ungathenga izinkukhu ezimbalwa ngoba azidingi amanzi nokudla okuningi futhi ungakwazi ukuthi uzihlabe uziidle.

Futhi ungashiya nezinkomo ezimbalwa uzithengele amabhele kulesi sikhathi sesomiso," kusho uNkosi.

U-Elize Manz wophiko lomNyango Iwe - Value Adding uthi izindlela zokulondoloza ukudla abantu abangazenzela zona emakhaya ezingasebenzisi amanzi amanangi zihlanganisa ukomiswa kokudla, ukukugquma nokuqandisa kuperhendulwe kube yiwhwa kanye nokukugcoba ngosawoti ukuze kuperhendule kube umqwayiba.

"Ukomiswa kokudla kuyakulondoloza kukwenze kungaboli masinya. Ukudla okungomiswa kungaba yinyama, imifino kanye nezithelo.

Indlela yokukomisa ukukubilisa isikhashana bese uyakuyekela kome. Emva kwalokho

usungakugcoba ngosawoti. Loku kudla unkufaka kucwazi ongenambobo noma esitsheni sebhodlela.

UManz uthi kubalulekile ukusebenzisa usawoti onganayo i-ayodini futhi ungasebenzisi izitsha zikathayela noma ezensimbi uma ulondoloza ukudla kwakho.

Ubue wathi ezinye izindlela zokulondoloza ukudla zihlanganisa ukugquma ukudla emanzini anosawoti noviniga bese ukumboze ukufake endaweni efudumele kuthi uma sekuthombile bese uyakukhipha ukubeke endaweni epholile.

Mayelana nolwazi olithe xaxa mayelama nukulondolozwa kokudla kanye nokuqeleshwa ungaxhumana nehhovisi lomNyango Iwakwa-Value Adding kulezi zinombolo ezilandelayo: uElize Manz ku 033 343 8037 noma Hlengiwe Ngubane ku 8064 kanye no Nomcebo Nyandu ku 8062.



365 Days Anti-Women Abuse Campaign

UKUDLWENGULA KUYICALA

#NOCONSENTNOSEX



AMAJALIMANE AXHASE NGESIKHUNGO SOKUQALA SEZINTANDANE KUHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

Noma umbhidlango wokuvikela abantwana ukuba bangalitholi leli gciwane besaseziswini zomama babo usuyimpumelelo, kodwa ukuvikela ukubhebhetheka kwalo kuseyinselelo kuHulumeni

SIBONISO KHUZWAYO NOMTHOBISI MBANJWA

K uqopheke umlando muva nje ngenkathi iBhangle lezeNtuthuko laseJalimane (German Development Bank) lidlulisela ngokusemthethweni isakhiwo esizosiza izintandane kuHulumeni wesiFundazwe, endaweni yase Charlestown ngaphansi kukaMasipala wesiFunda se-Amajuba District, enyakatho nesiFundazwe.

Lesakhiwo esaziwa nge Charlestown Community Care Centre, esidle imali engango R5 million, samukelwe uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi kanye neMeya yesiFunda sikaMasipala waseMajuba, uKhansela Jabu Khumalo, emcimbini obusingethwe uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ezingeni lika zwelonke, kanye nezikhulu zikaHulumeni waseJalimane.

Echaza ngalesi sakhiwo, uNgqongqoshe Thusi uthetendawo yokunakekela izintandane kulendawo la abantu abanangi bebhugabhuqwya yigciwane lengculaza kusale izingane zingena bani, esokuqala ngqa kulesi siFundazwe, njengoba amajalimane esenikele ngesamba esingango R5 million ukwakha izizindawo eziyisithupa esiFundazweni zezingane nentsha eyizintandane nengakutholi ukunakekeleka emakhaya.

UNgqongqoshe uThusi uthetendawo zizoletha isithunzi, ukuhlonipheka kanye nentuthuko emiphakathini yasemakhaya ekhungethwe ububha, njengoba ukuthuthukisa izindawo zasemakhaya kungenye yezinto uMengameli weZwe, uMnumzane Jacob Zuma, athi uHulumeni wentando yabantu kumele azenze." Ebonga egameni likaNgqongqoshe kaZwelone, uNkosazana Bathabile Dlamini, okunguyenwa owaqala lobu



UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, nezikhulu zikahulumeni waseJalimane ngesikhathi kuvulwa ngokusemthethweni i-Charlestown Community Care Centre.

budlelwano phakathi kwamaJalimane neNingizimu Afrika njengoba kulindeleke ukuba kwakhiwe izindawo zezintandane eziyi-18 kuZwelone, uNgqongqoshe uThusi uthetendawo: "IsiFundazwe saKwaZulu-Natali sihamba phambili ngokwezibalo kuleli lizwe elikhungethwe yigciwane lesandulela nculazi.

"UHulumeni kaMsholozi wathola ukuthi isiFunda saseMajuba sinezinga eliphezulu kakhulu lobubha ngenxa yegciwane lengculazi nesandulela sayo, esibulale abantu abanangi yashiya izingane nentsha yodwa emakhaya. "Noma umbhidlango wokuvikela abantwana ukuba bangalitholi leli gciwane besaseziswini zomama babo

usuyimpumelelo, kodwa ukuvikela ukubhebhetheka kwalo kuseyinselelo uHulumeni abhekene nayo.

"ICarlestown Community Care Centre ayizugcina ngokusiza abantu balendawo abaqhamuka ezigidini ezingu-8 ezingaphansi kwaMajuba District kuhela, kodwa nabantu abaqhamuka esiFundazweni saseMpumalanga kanye nase-Orange Free State, bazosizakala.

"Izingane nentsha eqhamuka emphakathini zizosizakala ngokuba bakwazi ukuthola okuya ngasethunjini kulendawo.

"Ukubakhona kwalesi sikhungo esizoba nendawo yokusiza abantu ukuba bakwazi ukuzibamba ngamazinyo, kuyimpendulo

kwezinye zezinto ezivelile emihlanganweni ebibanjwe uMnyango wethu nomphakathi walendawo esikhathini esedlule.

"Umbiko owethulwe amalunga omphakathi kulomcimbi uyakuveza ukuthi ukwesweleka kwamathuba emisebenzi, ukuhlala ekhaya ungenzi lutho, ukusetshenziswa kakhulu kwezidakamizwa nophuzo oludakwayo, kanye nokukhulelwu kwentsha kudlangile," kusho uNgqongqoshe Thusi.

Lesi sikhungo sizokwazi ukwamukela abantwana abangu-70 kuya ku-120, kanti inkulisa yezingane ezingena bani yona izothatha abangu-50.

ICarlestown Community Care Centre izoba namahovisi amane azosetshenziswa abakwa-SASSA,

abezokuThuthukiswa koMphakathi, kanye negumbi lokweluleka.

Kule sikhungo kuzobakhona neWar Room, lapho umphakathi uzokwazi ukuhlangana noHulumeni kudingidwe izinselelo zabantu, kanti ikhona futhi nendawo yomtapo wolwazi. .

Likhona negumbi Iamakhompyutha, indawo yokubuka imidlalo yeshashala noma umabonakude, indawo yokuxoxa izinganekwane lapho kuzohlangana abantu abadala nezingane, kanye nenkulisa yomama abasebancane okusalindeleke ukuba babe sesikoleni.



SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni **wokuguqula**
izimpilo zabantu

ISIFANAKALO SIPHEHLA ULIMI LWEBELE LUBE YIMFEKETHO EZINGANENI ZETHU

“Thishomkhulu, fundisani izingane isiZulu esiqondile hhayi ngesiNgisi hhayi ngesiLFanakalo”, kusho uNgqongqoshe uSibhidla-Saphetha phambi kothisha nezingane.

IBHALWE NGUSTHEMBISO SHANGASE

U Ngqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha usedonse ngendlebe isikole samabanga aphansi i-Greytown Primary eMdlovane maphakathi nalesisifundazwe ukuthi singalinge sifundise izingane ulimi Iwebele ngesifanakalo.

Lesikole esiseMvoti ngaphansi koMzinyathi sikanye nezinye ezivakashelwe wungqongqoshe ekusombulukeni kwesonto eledlule ngaphansi komgubho wolimi Iwebele obubanjelwe kuleliyadolobha.

“Thishomkhulu, fundisani izingane isiZulu esiqondile hhayi ngesiNgisi hhayi ngesiLFanakalo”, kusho uNgqongqoshe uSibhidla-Saphetha phambi kothisha nezingane.

“Nezinye izilimi zomdabu neabantu abathathwa ngokuthi bayingcosana zibalulekile”, kuqhuba uNgqongqoshe.

Abaphathi balesisikole esasingesamaNdiya kuphela kudalo, babe sebesebenzisa ithuba ababenalo noNgqongqoshe ophinde aphathiswe ezemidlalo kulelisifundazwe ukuthi bazicelele izinto zokudlala ukuze izingane zilithole ithuba lokuthi zinyakazise igazi ziqine.

“Ngiyazibophezela ukuthi konke enikucelile ngizokuletha Thishomkhulu ukuze kuphume abadlali bama-Proteas neBafabafana ingabi yiqembu lezahluleki kodwa ibe yiqembu lezinsephe zomanqoba” kwethembisa unqongqoshe maqede kwaduma ihlombe.

UNgqongqoshe uSibhidla-Saphetha uthleka kulesisikole esisedolobheni nje, ubesephuma kwesinye isikole samabanga aphakeme iBuhlebuyeza eselokishini iNhlaakahle khona kulendawo.

iBuhlebuyeza ikanye nezikole zaseMzinyathi okuvalwe ngeahlahl emiphumeleni yebanga Ieshumi nambili yonyaka odlule wezi 2015 njengoba yona icondobezele ngamaphesenti angama 37 kuphela.

Nakulesisikole unqongqoshe ubi nethuba lokukhuluma aluleke abafundi, ebaxwayisa nangezinto ezingalungile okuthiwa bayazenza njengokuhuqa izidakamizwa, ukulibala umjolo nokuthatha ngozwane impahla yesikole.

“Othisha benu bakhala ngokuthi anihloniphi futhi senivale ngeahlahl empahleni yokulekelela ukufunda njengoba kwagkekezwa kwebiwa ngisho iziqandisi nezitofu zokufundela ukupheka egumbini lokufundela ukupheka, pho nocabanga ukuthi nizophumelela kanjani uma niyeka amasela agcogcome acanase ezitapela izinto zenu esikoleni senu” Kuthetha uNgqongqoshe uSibhidla-Saphetha obephezelwa yikhansela lendawo

uMnuz Sbongiseni Nzama kanye nomhloli wesiyingi soMzinyathi uNksz Nozipho Mkhize.

Kuzona zombili lezizikole uNgqongqoshe unikele ngezincwadi zokufunda wagcizelela ukuthi abafundi baziqhenye ngokukhuluma ulimi Iwebele labo.

“Kusukela ngonyaka ozayo wezi 2017 sibambisene noMnyango Wezemfundo sizokhangula uhlelo lokuthi kufundiswe zonke izifundo ngesiZulu ezikoleni ezikhethiwe ngakho neBuhlebuyeza ngizophakamisa ukuthi ingene kuloluhlelo ukuze sibone ukuthi ngeke yini likhuphuke izinga lokuphumelela” kusho uNgqongqoshe.

Njengoba iBuhlebuyeza yona ishayе into ephansi ngonyaka odlule, uNgqongqoshe uSibhidla-Saphetha ube esecela ukuthi abafundi baseBuhlebuyeza bazisholo bona ukuthi badingani ukuze bakwazi ukukhuphula imiphumela yebanga leshumi nambili iye kumaphesenti angama 67 okungenani.

“Amazwe aphumelela kakhulu nabhincisa nxanye ngisho iMelika kwezomnotho njengo Japan ne China basebenzisa ulwimi Iwebele labo ukufunda zonke izifundo



Abafundi baseBuhlebuyeza noNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha. Isithombe: **LUNGILE CHILI**

nezobuchwepeshe”, kusho uNgqongqoshe uSibhidla-Saphetha.

Ube esethembisa abafundi ukuthi uzobalethela izinto zokudlala nezinsiza kufunda kanye nezinto zokukhculula ukungcola

okubungele iBuhlebuyeyeza ukuze isikole sihlanzeke.

Uqede ezikoleni zendawo waphuthuma emgubhweni wolimi Iwebele obubanjelwe ehhola lomphakathi enkaben i yedolobha uMgungundlovana lapho

bekugcwele phama izingane ezsuka ezikoleni ezakhe eMvoti Kanye namanyuvesi akulesifundazwe saKwaZulu-Natali.

SILWA NOMTHELELA WESOMISO

IsiFundazwe saKwaZulu-Natal sihlaselwe isomiso esingesinzima kunazo zonke esezike zabakhona eminyakeni engapehu kwamashumi ayishagalombili.

Ngiyaninxusa mphakathi waKwaZulu-Natal ukuba songe amanzi.

“KWAZULU-NATAL AS A GROWING, DEVELOPING AND CARING PROVINCE FIRMLY FOCUSED ON VISION 2030”



Sandile Masondo wase-Howick umasipala awakhele uMngeni ozimisele ukugqugquzela ukusetshenziswa kwesiZulu.
Isithombe: **LUNGILE CHILI**

UYAZIQHENYA NGOKUTHATHA IMALI YEZINGANE ZAKHE AYOSHUMAYELA NGESIZULU

Kuyamangaza ukuthi lababelungu engisuke ngibazwisa impilo yakobantu abagcini nje ngokufunda ulwimi IwesiZulu bagcina sebekwazi nokuhlinza izimbuzi abanye bahamba sebefake iziphandla

STHEMBISO SHANGASE

sishoshovu solimi lomdabu namasiko esintu uMnuz Sandile Masondo oneminyaka engama 33 wase Howick umasipala awakhele uMngeni uthi ulimi Iwebele yilona olwenza indaba yakhe izwakale kangcono uma eyibeka.

UMnuz Masondo uganwe uWinile intombi yakwaNgubane banendodakazi eyodwa uNomalanga oneminyaka emibili. Uthi uziphilisa ngokwamukela izivakashi ezsuka emazweni apahesheya ikakhulukazi kwelma Jalimane nase Switzerland azihambise ezindaweni zasemakhaya ziyoFundu amasiko esiZulu.

Ngonyaka wezi 2013 uthathe inzuko abeyithola ngokudayisa esitolo sakhe esincane wangena emgwaqweni wazungeza bonke

omasipala besifundazwe iKwaZulu Natali egqugquzela ukuthi abantu balukhuthalele ulimi lomdabu, IsiZulu.

Lombhemu uthi inkampani yakhe iZulutrail SA yiyo ahlela ngayo nezithangami nabantu bakwanjayiphume abasagcina isintu njengase Msinga ngase Greytown maphakathi nesifundazwe nakwezinye izindawo ezisadla ngoludala.

Uthi uma befika emzini womuntu bafike balale khona nondlebe zikhanyilanga baphesheya benze yonke imisebenzi yasekhaya. uMnuz Masondo uthi bayaphuma bayotheza, bayolima bakhe namanzi futhi abazitotosi ngoba balala phansi emacansini baphile njengoba kuphila abantu bakuloyomuzi abasuke befikele kuwo.

"Kuyamangaza ukuthi lababelungu engisuke ngibazwisa impilo yakobantu abagcini nje ngokufunda ulwimi IwesiZulu bagcina sebekwazi nokuhlinza izimbuzi abanye bahamba sebefake iziphandla zezimbuza" kuchaza uMasondo.

Uthi mayelana nohambo Iwakhe lokugqugquzela ukuhlonishwa kolimi IwesiZulu uzabalaze wangena ephuma waze wathola umnikelo wemali eyizi 10 000 zamarandi enkampanini yabashicilel ezinze ePietermaritzburg iShatter & Shooter ukuze afezekise iphupho lakhe lokujikeleza isifundazwe.

Uthi uhambo Iwakhe abelwenza ngokusekwa wuphiko Iwamasiko nezoLimi eNyvesi yaKwaZulu-Natali iUKZN lutheli izithelo ngoba ugcine eseLangane nabantu

abanangi. "Okufike kwangijabulisa kakhulu ukuthi iUKZN ishayi umthetho wokuthi IsiZulu sibe wulimi lokuyalela nokuxhumana ngokusemthethweni, nokukhombisa ukuthi basizwile isikhalo sami" kughuba uMasondo.

Lombhemu ngonyaka wezi 2011 uqwale ngisho nentaba ende kunazo zonke eAfrika Mount Kilimanjaro eseTanzania ekhala ngokubulawa kobhejane.

"Intu engisukumise phansi nganquma ukulubhada ngonobhadula ngilwele amalungelo okuthi ulimi Iwami Iwebele IsiZulu sinikwe isithunzi esilinganayo nezinye izilimi, ukuthi sekukanangi ngibona imibhalo ekuhuluma nathi sizwe esinsundu kodwa ibe ibhalwe ngesilungu" Kusho uMnuz Masondo. "Ngake ngaba sengozini ngigibile itekisi, abantu abanangi

ababonga ukuthi iwindi lekhumbi libhalwe ukuthi kuphunywa ngalo uma sekunzima ngenxa yokuthi ibhalwe ngolimi okungesilo olwebele" kusaqhuba yena belu uMasondo.

U Masondo uthi ngonyaka wezi 2014 uhambo Iwakhe Iwabhuntsha ngenxa yokuswela imali yokuzibheka endleni ngokudla nezinye izidingo.

Njengoba u Nhloланja kuyinyanga yokwazisa ulimi Iwebele yinto engiyesekwa kakhulu leyo ngoba name ngiyakholelwu kuyo" kwenaba uMasondo.

Uncoma uhulumeni ikakhulukazi umnyango Wezobuciko Namasi kulesifundazwe ngokusukumela nokuqaphela indaba yokugujwa kosuku lolimi emhlabeni lomhla zingama 21 kuNhloланja.

2016: A YEAR OF ACCOUNTABILITY AND QUALITY MANAGEMENT



MS. NELIWA PEGGY NKONYENI, MPL
KZN MEC FOR EDUCATION

IKOMIDI LEZOLIMO LESISHAYAMTHETHO LILALELE ABALIMI BASEMKHANYAKUDE

■ Ukuphothulwa kwesikhungo esizosiza ngokuthuthukiswa kwemikhiqizo yamaganu kulethe ithemba kubantu bakuleya ndawo kwazise kuzovuleka amathuba emisebenzi.



UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Cyril Xaba, Inkosi Mabhudu Tembe, uSihlalo weKomidi IezoLimo uMnuz Themba Mthembu, iMeyayo yesiFunda soMkhanyakude, uMnuz Jeffrey Vilane behkuluma nomphakathi waKwaNgwanase ngezindaba ezithinta ezolimo Isithombe: **MBUYISELO NDLOVU**

SIMPHIWE NDWANDWE

UMphakathi waKwaMhlabuyali-
ngana uthole ithuba
eliyingqayizivele
lokuzwakalisa izikhalo umphakathi
onazo, uphinde wenze
neziphakamiso okholwa ukuthi
zingawusiza umphakathi
ngesikhathi uxoxisana nekomidini
elibhekele ezolimo
eSishayamthetho.
Ikomidi IesiShayamthetho
belihambеле kuleya ndawo
ngengenloso yokuba liyothola ukuthi
ingabe abantu abagculekile yini
enoma bagculeke kangakanani
ngokusebenza komNyango
wezoLimo nokuThuthukiswa
kweMiphakathi yaseMakhaya
baphinde bezwe ngokuhlela

kwesabelozimali esizokwethulwa
ngumNyango maduze nokuthi
lesisiFunda saseMkhanyakude
sizothinteka kangakanani
kuloluhlahlomali.
Lena kube yimbizo esemqoka
kwazise abantu bakuleya ndawo
baphila ngokuzidayisela ukudla
okulinywe yibona emasimini
okuhlanganisa amantongomane
babuye bagaye notshwala
bamaganu. Ikomidi IezoLimo
beliholwa yilungu
IeSishayamthetho uMhlonishwa
uThemba Mthembu, onguSihlalo
walo, ehambisana namalungu alo
kanti lemukewe nguNgqongqoshe
womNyango wezoLimo
nokuThuthukiswa kweMiphakathi
yaseMakhaya esiFundazweni,

uMnuz Cyril Xaba. Nakuba abantu
bekuthakeselile ukufika kwaleli
komidi kodwa bakhale
ngezinkinga ezibandakanya
ukungabhekelelwah kahle
kwabafuyi, ikakhulukazi labo
abafuna ukudayisa ukudayisa
ngemfuyo, ikakhulkukazi izinkomo
ukuze bakwazi ukufenza izidingo
ezifana nokufundisa izingane
ngenzuko abayithole ekudayiseni.
Batshele iKomidi IezoLimo ukuthi
bafisa ukuba kubo nendlela
yokuthola indawo abangahambisa
kuyo izinkomo ukuze zithengwe
benze inzuso. Umphakathi
uzwakalise ukungaondi
ngokwanele ngokusebenza kohlelo
lokutakula abafuyi njengoba
besishawe isomiso ukuba bakwazi

ukondla imfuyo yabo njengoba
kukhona abakhale ngokuthi
babelinende ukuthola usizo luka
R19 000 kodwa bathola oluka
R9000 lokhu abafuyi abakuthathe
ngokuthi yinkohlakalo, kanti cha.
Abamele umNyango bachazile
ukuthi isibalo esiphezulu sabantu
ababefake isicelo sosizo sadala
ukuthi imali igcine yehlisive ukuze
abantu abanangi bathole usizo
ngalesisikhathi sesomiso.
Nokusebenza kohlaka
olungaphansi komNyango
olubizwa ngokuthi uMjindi Farming
Ltd nalo lube sezithebeni kubantu
njengoba becele ukuthi
uMhlonishwa uNonkosini asize
angenelele ukuze kucace ukuthi
yini abantu bakuleya ndawo

abasangasizakala ngayo
ngalesisizanda somNyango.
Ikomidi libuye latshewa
ngesikhungo sokwenza imikhiqizo
yamaganu ehlukene okuhloswe
ukuthi ithuthukise ezomnotho futhi
kuvuleke amathuba amabhzinisi.
Ukuphothulwa kwesikhungo
esizosiza ngokuthuthukiswa
kwemikhiqizo yamaganu kulethe
ithemba kubantu bakuleya ndawo
kwazise kuzovuleka amathuba
emisebenzi. Njengoba maduze
uNgqongqoshe uXaba
ezokwethula isabelozimali zonke
iziphakamiso ezenziwe ngabantu
bakuleya ndawo zizothathelwa
phezulu futhi kuhlinzekwe izimali
ngononina lapho kumele kwensiwe
njalo.



agriculture
& rural development
Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



UMNUZ. CYRIL XABA

UNGQONGQOSHE WEZO LIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEZINDAWO
ZASEMAKHAYA, KWAZULU-NATALI

NGOKUBAMBISA SESENZE ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI SAFA ESHINGCONO UKUPHLA KUSO.

UHLELO LOKUTAKULA INTSHA ENGAQASHIWE ENEZIQU ZEMFUNDU KWEZOLIMO

*Sivulela intsha amasango ukuze ibambe iqhaza
ekuguqulweni kwemboni yezolimo ibe ngengumqemane
iphinde isimamise umnotho.*





Silwisana neSifo seNgculazi neZifo zoCansi

21ST INTERNATIONAL AIDS

CONFERENCE

DURBAN ICC 18-22 JULY 2016

Access Equity Rights Now